



sassa
SOUTH AFRICAN SOCIAL SECURITY AGENCY

ISAZISO: IZICELO ZEZIBONELELO ZOKUKHUBAZEKA EZIPHELELWE ISIKHATHI



i-South African Social Security Agency (SASSA) yazisa bonke labo abathola isibonelelo sokukhubazeka sesikhashana kanye nesabantwana abanokukhubazeka ozibonelelo zabo ziphelelwe isikhathi ngoZibandlela (December) 2020 ukuba baphuthume emahhovisi akwaSASSA. Uyacelwa ukuba uphathe umubiko kaDokotela wakho ochaza kabanzi ngesimo sakho sokukhubazeka.

Bonke labo abanemibiko yoDokotela babo echaza kabanzi ngesimo sabo sokukhubazeka sebehlelelwe ukuba beze emahhovisi nasezindaweni ezikhethekile ukuzobhalisela ukubonana noDokotela wakwaSASSA. Lokhu kubhalisa kuzokwenziwa nangezimpelasonto.

Izinsuku Kanye nezindawo okuzobe kubhaliselwa kuzona zizophanyekwa emabhodini asemahhovisi akwaSASSA.

Umenzi wesicelo kumele aphaathe lokhu okulandelayo:

- Umazisi wakho nokamlingani wakho (uma eshadile).
- Isitifiketi somshado, okanye incwadi yesehlukaniso, noma eyokushona uma umlingani engasekho emhlabeni.
- Incwadi yekheli (kungaba incwadi kagesi, incwadi ephuma kumastende, noma incwadi yekhansela).
- Incwadi eneminingwane yomholo kanye nempahla (isibonelo indlu). Kumele uphathe imininingwane yakho neyomlingani wakho eqinisekisa ukukhokwa kwentela, imedical aid, imali yepesheni noma UIF (uma kunesdingo).
- Isitatimende sasebhangwe sakho nesomlingani wakho sezinyanga ezintathu.

Zonke izibonelelo zidlula kwisivivinyo lapho kubhekwa khona imiholo nempahla, akubhekwa ukuthi nishade ngesivumelwano esinjani.

Ngemininingwane ethe xaxa ungashayela inombolo yokunakekelwa kwamakhasimende ku: 033 846 3400 noma inombolo yamahhala kazwelonke ethi: 0800 60 10 11

uSASSA uyanakekela: hlala uphephile, gqoka isifonyo zikhathi zonke, geza izandla ngamanzi anensipho bese ushiya ibanga eligqaggene kumuntu oseduze nawe.

*[paying the right social grant, to the right person,
at the right time and place. NJALO!]*

#SASSACARES
#KeepSouthAfricaHealthy

Toll free: 0800 60 10 11
www.sassa.gov.za

SASSA News @OfficialSASSA



social development
Department:
Social Development
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

